INKULUMO KA CHIEF WHIP UKHANSELA SBONGISENI MKHIZE

ENKONZWENI YOMNGCWABO KAKHANSELA NHLANHLA LUCKY MNGWENGWE WAKU WADI 6

29 JANUARI 2021– ULWESIHLANU

- Mphathi woHlelo,
- Mndeni wakwaMngwengwe,
- Abefundisi,
- Abaholi bezinhlaka ezahlukene zomphakathi,
- Amakhansela
- Amavolontiya kaKhongolose,
- Amaqabane,
- Izihlobo nabangani,
- Abasebenzi boMkhandlu weTheku,
- Mphakathi wakuWard 06 naseThekwini lonkana,

Ngiyanibingelela nonke ngokwezigaba zenu egameni elihle lomfeli wethu uJesu Krestu.

Namhlanje sihlangene lapha ukuzobungaza impilo yeqhawe, umfowethu, ubaba ophinde futhi abeyilunga eliqavile embuthweni wesizwe uKhongolose, uNhlanhla Mngwengwe.

Ucomrade Mngwengwe uwusebenzele ngokuzikhandla umphakathi walapha ku wadi 6 njengeKhansela.

Ngifisa ukusho ukuthi yize sihlangana kubuhlungu namhlanje, kodwa akumele sivumele ubuhlungu benze singakwazi ukubonga uNkulunkulu ngokusiboleka leliqhawe. Siyajabula kakhulu ngokuthola ithuba lokuphila necomrade elifana noMngwengwe.

Incwadi engcwele **kwabaseRoma 14:8** ithi **"*ngokuba uma siphila, siphilela iNkosi; uma sifa, sifela eNkosini. Ngakho-ke noma siphila noma sifa, singabeNkosi.*"** Kuyintando kaNkulunkulu konke okwenzekayo futhi uMdali uyihlelile indlela ngempilo yethu sonke.

Sisesikhathini esinzima kakhulu siwumphakathi waseNingizimu Afrika, futhi sibhekene nengwadla siyizakhamuzi zaseThekwini namaphethelo

njengoba silahlekelwa izishoshovu eziqotho, ezikhuthele nezizinikele ukukhulisa lombutho wabantu.

Ukuhamba kwamacomrade ethu kufanele kusigqugquzele thina esisele ukuthi silwele intuthuko yomphathi wakithi ukuze sifeze amaphupho ezinqgalabutho ezifana no-Albert Luthuli kanye noNelson Mandela okukhulula abantu abamnyama emaketangweni engcindezelo nobubha.

Ngingakusho nginganazi ukuthi anilahlekelwe nodwa mphakathi waku wadi 6, kodwa sonke siyizakhamuzi zaseThekwini namaphethelo silahlekelwe ngokuhamba kuka khansela uMngwengwe, ngisho nombutho imbala ulahlekelwe.

Kuyiqiniso ukuthi uKhansela uMngwengwe ubengomunye wezishoshovu abezikhathalele ukubona impilo yabantu iqhubekela phambili. Iningi lethu lingakufakazela ukuthi uKhansela uMngwengwe ubengakhathalele nje iwadi yakhe kuphela kodwa ubengumuntu obethanda ukusiza wonke umuntu.

Nokho usishiye kusakuningi ebesisakubheke kuyena ngenxa yobuhlakani abenabo. Uzokhumbuleka kakhulu ngezenzo zakhe, nangokuba ngumuntu obenamancoko nobethanda abantu, intuthuko kanye nenqubekela phambili.

Njengo Mkhandlu weTheku, sifisa ukudlulisa amazwi enduduzo emndenini, amakhansela nombutho wonke, nomakhelwane, iwadi abeyiphethe, kanye nezakhamuzi zonke zaseThekwini ngokulahlekelwa yileliqhawe. Siyabonga kakhulu emndenini wakwaMngwengwe ngokusipha isikhathi naleli comrade. Ngenxa esikhathini esiningi ubeke yokuthanda umsebenzi ebaphathiswe wona bekunzima nokuchitha isikhathi esiningi nomndeni wakhe.

UKhansela uMngwengwe usebenze ngokuzikhandla nangobuqotho wawumela umbutho kaKhongolose. Yize noma kunje, siyabonga usebenze ngokuzikhandla kwaze kwaba sekugcineni.

Incwadi yeSambulo isahluko 14v13 ithi ***"babusisiwe abafileyo abafele enkosini kusukela kelesisikhathi, yebo usho umoya, ukuze baphumule ekukhandlekeni kwabo; ngokuba imisebenzi yabo iyabalandela"*** Sikubonile lokho kuMngwengwe, isebenzile lendoda, lilwile leliqabane ukulwa okuhle, namhlanje sithi uliqedile ibanga lakho.

Mndeni wakwaMngwengwe, noma kubuhlungu ukuhamba kwaleliqhawe kodwa asinibonge kakhulu ngokuthi nivume ukuthi lelisosha linikele mgempilo yalo ukuthi asebenzele umphakathi. Asivume nje futhi sonke

siyazi ukuthi selokhu aqala ukuba yikhansela uMngwengwe ubengalali, ewa evuka esebenza ngobuqotho ebeka intuthuko nabantu phambili.

Ukusebenza ngokuzikhandla kwaholela ekutheni aqokwe amahlandla amathathu elandelana ukuba abe yiKhansela kule wadi selokhu wayibamba kusukela 2006. Akuvamisileke ukuthi amakhansela ahlale isikhathi eside kangaka kulomsenzi. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi ubewukhathalele umphakathi kwaze kwaba isikhathi sokuhamba kwakhe.

EMkhandlwini waseThekwini, uhambe emhlabeni nje ubebambe iqhaza ekomidini leEconomic Development and Planning kanye namanye amakomidi. Esizokukhumbula ngaye ukuthi ubengananazi uma ungenzi kahle ubekuqonda ngqo akutshele ngaphandle kokwesaba ngoba ubeyithanda into eqondile neyaphambili.

Siyaziqhenya kakhulu ngamagalelo akhe futhi ngiyafisa nomndeni ukuthi uziqhenye futhi ukujabulele ukuthi lelisosha lifele emsebenzini walo, lisebenzela impilo engcono yomphakathi.

Njengombutho kaKhongolose, abasebenzi boMkhandlu, amakhansela kanye nomphakathi wonkana sigqemeke ingozi engeqiwa ntwala!

Silahlekelwe kakhulu umuntu obewusizo embuthweni nobeqinisekisa ukuthi izindingo zomphakathi ziyafinyelela kuwo.

Sengivala, ngifisa ukunishiya nalamazwi atholakala encwadini ka 2 Thimothewu 4:6-8 ifundeka kanje: ***"Ngokuba mina sengiyanikelwa, nesikhathi sokumuka kwami sesifikile. Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga, ngigcinile ukukholwa; sengibekelwe umqhele wokulunga eyakungipha wona ngalolosuku iNkosi, umahluleli olungileyo…"***

Lamazwi ayahambisana nalesisimo esibhekene naso sokushiywa ileli Qhawe. Kubuhlungu kodwa simelwe ukuqina sime isibindi, uyibekile induku ebandla. Kuwona wonke umuntu okhona kulendawo, ngithi asifunde futhi sibukele umsebenzi omuhle owenziwe yileliqhawe.

Kozakwethu basembuthweni, ngicela siqhubeke nokulwela intuthuko, silwele umbutho wethu, silwele ubunye nenqubekela phambili.

PHUMULA NGOXOLO MNGWENGWE, SOSHA LOMKHONTO SIYOHLALA SIKUKHUMBULA NJALO.

Ngiyabonga!